



Ukunakekela kulesi sikhathi se-CORONA



INDLELA YOKUSEKELA UMUNTU ONE-COVID-19

ZIGCINE WENA UPHEPHILE

Uma ungakwazi ukuzinakekela wena, ngeke wakwazi ukunakekela omunye umuntu.

Gwema ukuthinta umuntu ogulayo.

Gqoka imask uma udinga ukuthi ube seduze nalowo muntu.

Geza izandla zakho kanye nemask uma ufika ekhaya.

SEKELA UMUNTU UKUDE NAYE



• Ungayeki ukunakekela umuntu, kanti futhi ungamkhohlwa. Yenza ukuthi umuntu azi ukuthi uzomnakekela uma ekudinga.



• Xhumana naye ngemilayezo kanye nokumshayela izingcingo.

• Msize ngemisebenzi angakwazi ukuyenza ngokwakhe, efana nokuyolanda imithi noma ukuyothenga ukudla ezitolo.



• Uma ukwazi, mphekele ukudla, noma umnikeze ezinye izinto eziwusizo, ezifana nensipho.

• Noma yini omnikeza yona, zama ukuthi uyishiye esangweni noma emnyango, kunokuthi ungene endaweni akuyo.